KCM 64634

# Umdabuko wamaHlubi

Kubalwe kwaqoqwa
ngu
Rev. J. M. Hadebe

Address:
c/o L. Hattingh Esq.,
Kopleegte M.S.,
P.O. Frere.
Natal.

Very good account of Hlubi tribe. Also some "Izibongo": Mhhuhhu; Mthimkhulu I; Hadebe; Dlomo I; Mashiyi; Ngwekazi; Nsele; Bungane; Mthimkhulu II; Mpangazitha; Dlomo II; Langalibalele, & Siyephu:
Excellent:

ack
8/1/50

KCM 64634

# Umdabuko WamaHlubi

## nguRev. Jakobus M. Hadebe.

Abadala balandisa ukuthi badabuka enhla nezwe, bagudla ulwandle olubomvu basebehlela enzansi nezwe. Kulolo luhambo bafika lapho izwe lingamanzi, bahamba emanzini izinsuku ezinengi. Kwakhohlakala ukuthi kubaswa kanjani ngoba selokhu kuhanjwa emanzini; bebeke ukuthi bazofika lapho amanzi ephela khona, kanti awapheli, izwe yilokhu lingamanzi-nje njalo.

Kwaze kwavela abanye bendlu ethile bazama icebo lokuphemba umlilo khona emanzini. Nempela bawubasa wavutha, nabanyeke basizakala ngalowo mlilo owaphenjwa khona emanzini. Leyondluke yaziwa ngokuthi amampembe ngoba baphembe umlilo emanzini.

Lesosibizo sokuthi amampembe, kushiwo amaHlubi. Ekusukeni phansi amaHlubi ayebizwa ngokuthiwa amampembe elaziwayo nanamhla lokhu. Lesisibizo sokuthi amaHlubi, kunesici sakho esizobuye sizwakale.

Kwahanjwa njaloke kwaze kwafikwa enzansi nezwe, kwafikwa lapho kunecibi elikhulu enhla nezwe leli esiKulo. Lelicibi kuthiwa kukwamsuduka, kukho, Endabukabantu. Kulelocibi kwahlangana izizwe ezinengi.

Umzekeliso uthi lapho Endabukabantu yilapho abantu badabuka

khona kanye nakho konke okukanye nabantu. Izinyawo zabo zisabonakala nanamhla ngoba amatshe ayesezibotho.

Kuzo zonke izizwe ezazihlangene lapho asikho esasinenkosi, kwakungabantu-nje. Kwahamba, kwahamba, abanye bathi akuhanjwe kuyolandwa ubukhosi. Kwahanjwake ukuba sekulandwa ubukhosi. abanye abakunaka lokho. Abakunaka kakhulu lokho amampembe, kanye nezindlu ababezwana nazo.

Kwasukwa ekuseni kakhulu kwahanjwa. Kuthe sekusemini, behamba basala abanye indlu bathi: "O, thina yikhona sizakudla, ngoba niyazi ukuthi thina asidli ekuseni." abanye abadla ekuseni bahamba. Bemuka, bemuka: kuthe sekusokhalweni lokusithela, kwasekuqhamuka abezwana nalendlu esale emuva. bathi: "awu, lonakhu sesiyosithela-nje, abasezukusibona ukuthi sishone ngaphi. balahleke. Sizoke sibamele lapha baze bafike". Bahambako laba ababizwa ngokuthiwa amampembe, kukude lapho kulandwa khona ubukhosi. Baya babuthatha ubukhosi, bungakathathwa muntu. Babuya sebebutholile ubukhosi.

Kwasekutheka kulaba abasale kuqala bedla: ngabakwaDlamini. Kwatheka kulaba abasale-muva, bemele bakwaDlamini bawu Simelane. Yilaphoke kwadandeka khona uhlanga lobukhosi boselwa.

# Umdando wabukhosi bohlanga.

## Ukwaziwa kwawo ngamaHlubi.

Kulemihla yanamhla kukhona amakhosi amaningi kulezizizwe ezehlela enzansi nalo lelizwe. Kepha asingawo wonke angawoselwa. Awoselwa akhethekile, ayaziwa futhi ukuthi mabili kuphela qhwaba, yilawa: amaSwazi kaSobuza kaSomhlolo, besekuba ngamaHlubi kaMthimkhulu kaBungane. Kulezozikhathi lapho abantu besabambe amasiko emvelo ngobuqotho nangeqiniso, kwakungathandabuzwa, babevumelana bonke ukuthi yiwo lawo kuphela angawoselwa; okuthi nxa kugujwa umkhosi lulandwe olwandle ngumuntu olwaziyo ngokulufundiswa. Alaziwa yibo bonke abantu; kuthi uma esebuya nalo, angalali nalo endleleni noma kuhlwile, noma lina, noma liduma ahambe azayofika nalo enkosini. Alulandwa olwandle lwangasentshonalanga, lulandwa kolwangempumulanga. Inkosi ichinse unyaka ngalo iludle mhlakugujwa umkhosi.

Uselwa lwalunesithunzi esikhulu kubantu ngezikhathi besemifkahle emasikweni, ngoba namakhosi lawa angewona awoselwa ayengalusebenzisi, ngoba ebambe ukuthi angeke alunge angewona awoselwa; kumbe afe, kumbe abeluhlungu, lokhukhwa. Ngakho ayengazihluphi ngoselwa, azi lokho-nje ukuthi abaqondene noselwa kuphela ngalokho.

Pho! Kanti angaphi ebukhosini na? Angamakhosi ohlanga ohlangeni lwakubo.

Ngaphandle kwalamaKhosi okubekwa, akhalalibandayo; amanye, imvama yawo asukela ebuphoyiseni, engesiwo awohlanga neze. (Okuyikhona sekususe isithunzi emakhosini ohlanga). Eh! abakwaDlamini (amaSwazi) kaSobuza kucatshangwa ngabo ukuthi bahamba ngenye indlela, nabo babuthola ubukhosi. Ngoba nakhu abakwaSimelane abatholananga nabakwaDlamini njengokubamela kwabo, baze bangena kwabakwa Hadebe. Nabo baba uSimelane, ongu Hadebe kuze kube namhla.

N.B. Lomlandu ngiwulandiswa abadala ikakhulu uMabonsa wakwaHlatshwayo owayekhona ukusuka kwenkosi uLangalibalele kwaZulu; lowo wayeyimpeki yenkosi uLangalibalele ekugcineni, kuze kube sekudingisweni kwakhe uLangalibalele. Omunye nguKhwehlela kaMhlawuli wakwaMnguni (Kheswa), owayesemlindazwe umuzi omunye kaLangalibalele, emNtontwane. Omunye futhi nguLoolandi kaSunduza wakwa Hadebe

## Ukukhethwa kwenKosi.

Njengoba wayengekho oyinkosi, nokho kuyaziwa ukuthi abantu behlangene bebaningi uyayabekhona phakathi kwabo obonwayo ukuba uyindoda abeseba nesithunzi emadodeni ahloniphekе. Kwabanjaloke, kwabonwa indoda enjalo eyayinamadodana amabili. Kwasekubonwa ukuthi akubekwe enye kuwona ibe yinkosi. Kodwa ibandla laphikisana abanye bathi akube omkhulu, abanye

bathi akube omncane. Bagcina bathi: "Asingaphikisani akuhlatshwe inkabi enkulu". Nempela kwenziwa njalo, kwahlatshwa inkabi enkulu. Inyama yonke yabekwa ngezitho zayo esikhumbeni. Basebethi komkhulu aka-hambe ayokhetha esakhe isitho. Wafike wakhetha umlenze. Babuka-nje, basebethi kumfowabo omelamayo: "Hambake nawe uyo-khetha esakho isitho." Wafike lowo wakhetha umhlubulo (insonyama).

Laselibuka ibandla lathi: "Nangu ongayi-nkosi ngoba ukwaze ukukhetha inyama yamakhosi. Lona angezabankosi ngoba ukhangwa inyama enkulu umlenze. Ubuke-ka ethanda ukudla okukhulu." Bambuyise-la eceleni bathi uxabile. Kwasekuba uXaba njaloke; okuvela kuye lesibongo esithi abakwa-Xaba. Lona omncane aliphathwa ibizo la-khe ukuthi kwakunguBani.

Ukugudlulwa kwesibizo sokuthiwa amampembe.

Kwathi sekubusa umthimkhulu wangangi okanye noDlamini, yenake wayenamadoda-na amabili, kukuphela kwawo. Enye kunguNgcobo enye kunguHadebe. UmthimkhuluI wathi: "Ngithanda ukuba indodana yami uNgcobo aganwe ngingakafi." Waseya kumngane wakhe uHlubi oyinkosi enye. Wathi "Hlubi nginike intombi yakho izogana kwami." UHlubi wathi: "Oha! ngingeze ngaganiselana nawe." Kwasekuyekeka njalo, kwangathi ukhuluma amahlaya. Waphinda ngesinye isikhathi wayi-cela intombi yakhe. UHlubi waphinda lona lelo wathi: "Oha ngingeze ngaganiselana nawe

Mthimkhulu ngoba angisithandi isibizo senu sokuthiwa amampembe. Ngake kuhle ukuba nibizwa ngami kuthiwe 'Hlubi.' Umthimkhulu wathi: "Ibizo keliyini mina ngifuna umntanakho." Baze bezwanake ngalokho.

Yafikake intombi kaHlubi. Basebethi, 'nangoke umfazi wakho Ngcobo!' UNgcobo wathi: "angimfuni mina umfazi, ngiyinsizwa angifuni ukuhlala nomfazi." Kwangathi uNgcobo uzobuye abone ngokunye; kanti useqinisile njalo ngoba akayinakanga njalo intombi seyisekhaya.

amadoda abuka ukuthi lihlazo leli akubekwe ngokunye ngoba kuphela kwabo lababantabenkosi. akusukubukelwa kuze kufe indlu yobukhosi. akathathwe umfowabo ngoba nangu yena lo, akamfuni umfazi. basebekhuluma noHadebe bethi 'nangumfazi mthathe wena uvuse umuzi.' uHadebe wala wathi: "loku uthathelwe umfowethu njena?" bathi umfowenu kamfuni umfazi, uzofa umuzi kukuphela kwenu. Uthubavume uHadebe bamkhipha uNgcobo ekhaya. Batha-tha abafana bonke abangamabungwana namantombazane angamatshitshi babaliviyo. Base bebanika uNgcobo bathi: "Nampoke abantu bakho ofunukuhlala nabo. Hambake nyokwakha owakho umuzi nalababantu. Bala waphuma owakhe umuzi.

Kuthe emva kwesikhathi kwafika owesifazane kuHadebe ekuseni wangqongqa emnyango wathi: "ngizobika ukuthi okaHlubi utetile." Wabuza uHadebe wathi: "muntwanamuni?" Wathi: "insizwa." Wasethi, "kuzwakeleke." Owesi-

fazane wahamba. Kuthe lapha selifudumele ilanga waphuma uHadebe wema phakathi nomuzi wathi: "Ngilaleleni ~~maHlubi~~ ngithi nango uDlomo phezu kwamaHlubi. Ningabe nisangibeka ngapho sengigedileke njalo. Nango uDlomo phezu kwamaHlubi esengininika yena."

## Umbuso kaDlomo wangangi.

Kwathi lapho uDlomo I esengene ebukhosini, ngalanga lithile wabizwa umnomzane enze idili lokudla. Lowo mnomzana uNhlangothi omde wakoNgcobo, engowakwaMabele ngesibongo. Wayake uDlomo I, kwadliwa kwabuswa. Kuthe lapha sekuntambama, izulu laphendula ngokukhithika. Wathi uDlomo I esezohamba nebandla lakwakhe: "Nhlangothi! ngiboleke ingubo nanti izulu seliphendule!" UNhlangothi wathi: "iphi eyakho uyishiyephi?" UDlomo I wasukuma nebandla lakwakhe khona lapho wahamba engaphendulanga lutho. Kwathi kusa ngakusasa wayiphaka impi, yamudla konke anakho. Akaze ambulala uNhlangothi.

UDlomo I waphila isikhathi eside waze wabamdala kakhulu, ngangoba waze wondliwa ngobisi njengomntwana. UDlomo I wayenamadodana amaningi engiwakhumbulayo uNzama, nguMashiyi, nguMudliwezilwane owaze wafika lapha esifungwini ethwelwe ngohlaka ngenxa obudala, engasakwazi ukuzihambela. Lokho kwakungumlayezo omkhulu kaSangalibalele ~~uk~~uthangesale lowo 'ngingabe ngishiye idlozi'. Ngaphandle

kwalawa kukhona amanye amaningi. Kuthe esemdala uDlomo I wathi akuphathe uMashiyi ebukhosini. Nembala wabuphatha, wabuphatha wafa uMashiyi; washiyamadodana amathathu uNgwekazi, noNsele, noMhlekwa. Nabo sekungamadoda kulesosikhathi uDlomo I wayelokhu esaphila engakafi. Kwase kungenisuNgwekazi esikhundleni sikayisuMashiyi.

## Ukuphuma kwobukhosi kuNgwekazi.

Kwathi ngesikhathi esithile behlezi ebandla, nenkosendala uDlomo I ekhona kuxoxwa, uDlomo wathi: "We! Ngwekazi! Hamba uyongikhelela amanzi ngizobema." Ungwekazi wayesethi encekwini yakhe: "Thatha isigubu leso, uyokhelelubabamkhulu amanzi, inceku yaya yawakha yafike yawabeka. Wayesethuungwekazi nanko amanzakho babamkhulu. Ixhegu lathula-nje labeka le! senga aliwaboni. Lithe lisuka laliruma ingomana lithi: Hi, hihi (humming song) lisho lithatha isinxingi (isigubu) lesoseliwathululela phansi: mbumbumbumbu. Lilokhu lishilo ngemvungana: Hi, hi, hihi. Azaphelamanzi esinxingini, wasika phansi wabiza uNsele. Wathi: "We! Nsele! Hambuyongikhelamanzi mntanomntanami." Unsele wasiththathisigubu.

Kwaku lapha amadodesebonile ukuthi ixhegu licanukile, aligculiswanga yisenzo sikaNgwekazi. Base beyakhumbudake kumluleka uNsele ngasesitha ukuthi enze njani ukuze inkosi igculiswe. Bathiubogeza izandla nezingalo, nezitho, ugcoke izingalo nezitho ngomcako. Ugcike isigubu ngotshani base-

mthonjeni, ungawalengisi, ubowathwalela phezukwezandla, uthuma sewuseduze uwayendise uzuwabeke, uhlale phansi uthi: "Nankamanzi babamkhulu". Esekwenzile kanjalo uMzele yathi inkosi uDlomo I: "Nangoke uMzele-nduna! abahlale labo nobukhosi babo, abuba lutho, noyise ngangi ngakamniki ngokuphelele. UDlomo wayesethi kuMzele: "Beka ubovuka ekuseni uze kimi. Umyeke lowo engithi ngimthuma athumawakhe."

Uthe efika uMzele wayesethi. "Ihatha lomuthi, nalona osezinkambeni uhlanze ngalona, ugeze ngalo, ugezele laphenkatheni." UMzele athi: "Awu! Babamkhulu kantakuzugezela umfowethu enkatheni na?" Esabanga ukuthi ukhohliwe umuntomdala. 'Ngithi gezela enkatheni lapho, kuse ngokwami konke ngangi ngakenzi lutho nakubani. Uze wenze njaloke zonke izinsuku!

Uthe uNqwekazi ukuba ezwe amazwi athi: 'Noyise ngangi ngakamniki ngokuphelele', wasukuma wathe bandleni lakwakhe: "Hambani sihambe, ixhegu leli lignqgile". Lase lithi vuthu! ibandla lakwakhe lachitheka. Baphuma ubukhosi kuNqwekazi bathathwa uMzele.

Ukugoduka kukaDlomo I.

Inkosi uDlomo I akafanga ngokugula, qha! Kwabakanje ukufa kwakhe:
Umuzi wenkosi wawu ngaphansi kwezintaba, kukhona abesifunda sakhe abakhe ngaphezulu enkangala. Lesosifunda kwaku esabakwaNkomo. Yisibongo sabo leso. Nebu-

tho lakhona libizwa ngokuthiwa amaNkomo.

Lelobutho lasuka ngokuthi liyokhonza enkosini. Kwathi lapho liyawuqhamuka khona, lehla liya Engqobotsheni (umuzi wenkosi) abantu babuzana bodwa bathi 'lempi eqhamukayo ngeyaphi?' UDlomo ehlezi ebandla, naye wabeka wathi: "awu! yimpi!" Wayesesalala phansi wazigubuzela ngengubo yakhe yesilo. Bathe sebehlole kahle babona ukuthi, khayi! Kanti ngabakithi ngamaNkomo. KantuDlomo uselalungolala, usekhotheme (ugodukile).

Kwabusa uNsele njalo. UNsele wazala uBungane (Umlotsha). Engasekho uNsele kwabusa uBungane, owaba nodumo, nesithunzi esikhulu kunawo wonkamakhosi. Wayenolwazi oluningi lwemithi, enesibindi sokwenza okungenziwa ngabanye abantu.

Umbango kaNgwekazi noNsele.

Kuthe engasekho uDlomo I, kwasuka umbango phakathi kukaNgwekazi noNsele ususwa nguNgwekazi eqonde ukuchithuNsele. Amadoda angakuNsele athi: "Nawe hlanganisimpi umlwise. Wathi uNsele: "ngizokuyithathaphi impi, ingani abantu bonke bangakuye yilokhu bazi yena. mina bengingakabi nabo." amphendula athi: 'yena ubutha umphakathi wamaHlubi, wenake butha onke amaphandle: amaDakane, nabakwamazibuko, nabakwaMayaba, nayo yonke imindibili yamaphandle ulwe ngabo.' 'Kunjalo-nje use nenyanga yokumqinisa. Nawe ifune! Bala yabizwa yafika yathi: "butha

abafana abaqala ukuba ngamabungwana nihambe niye ebandla. Nawe nkosi ube kanye nabo abafana. Ningaveli ngaphambili anovela ngenhla ngemva kwabo, niye ngokuthula. Bese nisho kanyekanye nithi 'nkosi!'

Nembala benza kanjalo. Kuthe sebesho kakhulu kanyekanye, wethuka kakhulu uNgwekazi nalo ibandla, waphenduka wababeka. Wayesethi: "Hawu! kanti uwe mfowethu? Wenzani ukungethusa kangaka na?" Wathi uNsele: "Senzemi lokhu sikhulekela inkosi ngoba size ukuzokotha ibandla." Wathi uNgwekazi: "Hawu! Ningethusile bengithi niyimpi."

Lokhukwethuka kwasanganisa ingqondo. Kuthe, duku-duku, wayikhipha impi wathi ayimbulale uNsele. "Sengiyamesaba, yilokhu angethusa, noma ngilele." Bala yaphuma yalwa. Yaxoshwa yomphakathi kaNgwekazi, ixoshwa ngamaphandle kaNsele. UNsele wathi: "Ningambulali uNgwekazi ngoba ngumfowethu. Kwanele uma niyixoshile impi yakhe." Waphela laphoke umbuso kaNgwekazi:

Ukhala lezimbuthu lulambile
Lulambe luzinyez'aboNsele.

Kwabusa uNsele ozala uBungane.

## Umzekeliso.

Kuthiwa ngesikhathi kubusa uBungane kusekhona uSenzangakhona kaJama, kwafika insizwa ihamba noLodongwane kanti nguShaka. Leyonsizwa yathi kuBungane ngizocela ubukhosi lapha enkosini. UBungane wathi: "ucela ubukhosi-nje ungokabani emakhosini?" UShaka waphendula wathi 'ngingokaSenzangakhona! Wathi

uBungane, "uthi unguye owakhe ngempela, awungikhohlisi-nje? Ingani ngiyabazi bonke abakaSenzangakhona, wena angikwazi ngani? Wathi uShaka, 'kuya ngoba ngangihlala ekhabomama. Wathi uBungane, 'angikholwa, uma unguye hamba uyosenga inkomo ilaphaya entabeni phansi kwesiwa, uze nobisi lwayo. Ngobonake ukuthi ungowakhe ngempela.

Wahamba uShaka wabathe qala-qala entabeni efuna akazabonankomo. Wabuya wathi 'angiboni nkomo!' bathi 'awubonanga lutho na?' Wathi 'ngibone isilwane-nje ingwe'. Bathike,' yiyoke inkomo yona leyo! Wathi 'yena, awu! kusilwane-nje na?' bathi, 'inganuthe ungowenkosi? Uzobonakala ngakho ukubuyisenge ukuthi uqinisile. Nanokuthi ubukhosi bufanele wena yini. Hamba uyoyisenga!

Wahamba wafika ingwe ilele phansi namawundlu amabili, edlala eqana phezu kukanina. Wasondela kancane enyonyoba. Wasesengela esigujini. Wahlehla, wahlehla, wahamba. Wafikamalo kuBungane. Wathi uBungane, 'uyisengile na?' UShaka wathi, 'yebonkosi'. Kanti nabantu benkosi bebembekile bavuma bathi, 'Cha nkosi besimbona uyisengile.' Waseluthatha uBungane esemsebenza ngalo. Wayesethi: "Beka uzoba yinkosi uyawuzibusa izizwe. akukhonkosi ezakwallula wena." Wahambake uShaka waya ekhaya.

## Umthimkhulu II

Emva kukaBungane kwabusa indodana

yakhe uMthimkhulu. Waye nabantwana abaningi abazalwa nguye. Isizwe esasihluphana namaHlubi kubusa uMthimkhulu II, ngamaNgwane kaMatiwane. Bebevama ukuhlasela kumaHlubi, ngoba uMatiwane wayefisa ukubulala inkosi abesethatha isizwe samaHlubi kube ngesakhe.

Kodwa noma ehlasela wayengenzeli ndawo ngoba amaHlubi ayemaningi kakhulu. Kuhambe kwahamba kwaze wamthola uMthimkhulu II ngecebo ezihambela-nje namadoda ambalwa. Kanti amaNgwane amlalele endleleni, khona endaweni yakhe. Ambulala kanye namadoda ayehamba nawo.

Lokho kwaba isenyeliso esikhulu esizweni samaHlubi. Achitheka amaHlubi asakazeka nezwe lonke. Amanye amadodana kaMthimkhulu II aya kwelaseKoloni yilawa:

UMehlomakhulu, uMagadla, noMpangazitha owalandela muva; wabulawa nguMatiwane ezintabeni zasoSuthu.

## Isisusa sokufa kukaMpangazitha.

UMatiwane wayakhe ngaphesheya kweNgogo, ukuya ngaseNewcastle. UMpangazitha yena wayakhe nganeno. Kwathi njengoba uMatiwane esaphethe injongo yakhe yokuqeda amaKhosi asemaHlutshini, wayesebona ukuthi uMpangazitha uyathanda ukuvusa ubukhosi. Wasemhlasela endaweni yakhe. Yaphuma ekaMpangazitha yamlwisa. Ehlulwa amaNgwane. Kwathi kusa ngakusasa kwahlatshwa umkhosi kwathiwa nanka amaNgwane esebuyile. Yalwa axoshwa amaNgwane. Kuthe kokwesithathu,

kusa kwakuthiwa: nanka amangwane esebuyile. Wathi uMpangazitha: "Hambani nilwe nayo mina angisezukubakho phakathi kwempi. Ngiyawazi amaNgwane angamaqili. Afuna mina ukuba angibulale njengoimnewethu. Nizakwenzenje: anothi ningabaxosha nibabeke eNgogo, ningayiweli, njalo-nje bathi bangabuya nibabeke eNgogo nibayeke. Nempela impi yakhe yenze njalo. Kuyasa njalo sekuthiwa nanka amaNgwane. Kwaze kwayiziwombe eziyisithupha bebabeka eNgogo.

Kuthe ngesiWombe sesiKhombisa wathi: 'namhlake nami ngizobakhona empini. Nizawonthi ningabaxosha okwanamhla niyiwele iNgogo nibajinje njalo. Nempela benza njalo, bathe befika eNgogo bawela nayo. Ethuka amaNgwane ukuthi 'namhla niyayiwela iNgogo ingani emihleni nibuya lapha bathi abakaMpangazitha: sesifikile siya emakhaya, ngoba senishingile siba nixoshe nibuye njalo.'

Kwase kuhlatshwa umkhosi ku'Ingwane ukuthi amaHlubi asengene phakathi kwegwe lakithi. Njengobake bayamazi uMpangazitha ukuthi uyisihalahala, uyingwazi empini, akakho owayeliqhawe njengaye emaHlutshini. AmaNgwane aqoqa izinkomo zonke ahosha aqonda emajuba. Abona ukuthi impi kaMpangazitha iyalandela, basebekhuphukandi ngentuba engenhla kwasemajuba ngentshonalanga. Yamukisana njalo. Ingwane belu lilohle libuya, ilwe, ilwe, liqhubeka liya phambili.

Kuthe lapho isis'Egwa lathinteka iNgwane

laqonda entabeni eyinqaba kaSigonyela (Umsuthu). Wakhwela wayawuhlala phezulu nempi yakhe. Leyontaba yake iyinqaba engafunwa. Impi kaMpangazitha yathi iyabalandela khona entabeni; kanti amangwane asefolise amatshe ekwengameni kwentaba, babagingqela ngawo. Kuthe isigcino kwafika kumpangazitha abangamaHlubi ayembukile kuMatiwane. Bathi sesibuyile asazi ukuthi sasenzani ukwembuka inkosi. UMatiwane kade ehambile washiya zonke inkomo. Sesithi noma sembuka asimane sizotshela inkosi ukuthi ingabe isenqena lutho. Ayihambe nayo impi yayo kuyothathwa izinkomo!
Bahambake kuthe sebe phansi kwentaba yavuka impi bambulala uMpangazitha. Abantu bakhe ababe besabuyela emuva bahlakazeka phakathi kwezwe lasoSuthu. Abanye baya kumakhosana akubo oMehlomakhulu kanye noMagadla.
N.B. Lezi zilandwa ngumbunda kaSimela wakwaMabaso owayeselibungu kwenzeka lokhu. Emabuthweni kaLangalibalele usisheleha.
Kulesisikhathi isizwe samaHlubi sachitheka nezwe lonke njengezinhlwa eziphumemgodini zingabe zisabuyela kuwo, beseziba inala yazo zonke izinyoni nezinambuzane.

## Umahanqa

Kuthe kukubi izwe lifile kungasekho Nkosi, kwasuka uMahanqa kaBungane umfowabo kaMthimkhulu II waqala ukuvusa umuzi. Wawakha njengesiko lomuzi wenkosi. Uthe esewakhile waqala

ukubuyisa abantu wahambebafuna laphebezwa ngakhona ikakhulu abezazi lobukhosi.

Lababakude wathumela kubo bonke izwi lakhe elithi: "Buyani umuzi ubufile wonkile!" Walinga kakhulu ukubuyisa nalabo abaya kwelaseKoloni. Bathi labo, 'sifumene izwe elihle, elithule elingenampi, akwabe yinina enize kulelizwe abantwana benkosi. abaningi babuya wawonka umuzi.

Bake khona abafana ababili bakaMthimkhulu, abaqondene noku-ba zindlalifa zobukhosi: uDlomo II noLangalibalele, ngoba bezalwa intombi yenkosi yaseMangweni uMashoba kaMafu.

Kuthe sebekhulile, athi amadoda kuMahanqa: 'Nkosi usekhulile umntwanomnewenu sekufanele umnike ubukhosi ngoba nawe uyazi. Waphendulake uMahanqa wathi: ubukhosi lobu ngazitholela sebulahlewe angibuniki muntu. Athi amadoda kuDlomo II: njengoba uyala buthathe ngempi kanti ngoba akusizi ukumncenga.

Yahlomelanake yalwa, impi yambulala uMahanqa. Wabungenake ubukhosi uDlomo II. Kwathi njengoba izwe belifile akwababikho lutho angabanalo uDlomo II ububa bababukhulu. Kwase kuvela uMakhatha Shabalala obeyinduna kwaZulu engowaseMaHlutshini

ngesifunda. Waluleka uDlomo II wathi kahambe ayozibika enkosini kwazulu ubuze bakhe kumbe 'angafumbathiswinkomo, kwaze kube 'angafumbathiswinkokhe,' esho izinkomo. Nembala wahamba namadoda akwakhe. Wangena emzini wenduna washo ahamba ngakho. Induna yambika enkosini. Kwakungayiwa enkosini ingakasho; noma kungaze kube izinsuku ezinningi umuntu ehlezi laphengenise khona. Kodwa aphiwe kahle ukudla.

Pho, kukhona nomdlunkulu wenkosi muningi, awusebenzi lutho udla ukudla-nje. Usetshenzelwa izinceku, ungamakhosi ngokwawo. Uma uhlalwa yiwo enkosini, wawubulawa. Kepha nawo umdlunkulu wawubulawa inkosi ngokuganga. Bonake babengabulawa ngentando yalabo abathunyiwe qha! Isikhathi nohlobo lokubulawa koza kushiwo yibo; bake bahlale phansi bagaye ugwayi bawuwolele emathongwaneni bageze bavunule yonke imvunulo yabo enhle. Konke lokho bakwenza bethetha bethi: "uyajabula wena ongayikufa" nokunye nokunye. Bathi kulaba abazakuya kubabulala: "Hambanike niyosibulala". Babaqhubeke baye bafike kulendawo. Bahlale phansi bachathazugwayi babeme, bebalisa, babeme bathi-du. 'Sibulaleni ke,' kube yilowo athi kombulalayo: "Beka! Ungangithinti mkayihlo, ungawoni umzimba wami." Omelwe ukumbulala athi: "Uthi angikushiye unje, khona kuzobulawa mina?" Umdlunkulu uwuthi-gi! Umchilo wesidwaba onesihibe. athi 'ubowugaxa kimi entanyeni ubusubambintambo uyishaya-shaye njalo kuze kubuye isihibe. Ungangithinti

wone umzimba wami.' Umdlunkulu-lo awusiwo abafazi bayo ngempela uyizixebe zayo-nje, ngoba babengenabo abantwana.

Kuthe uDlomo II esabeke ukubizwa yinkosi uDingane, kwase kusuka abambalwa kwi-ndlunkulu bathi ake siyobona inkosi yasemaHlutshini. Bayabuya lapho bakuvela omu-nye umdlunkulu bathi: 'Ningayibona inkosi yasemaHlutshini yinhle yini! Kwase kusukeleka nabanye ababengayile bayakumbona. Baya-buya lapho babuya nekhaba lokuthi 'yaze yabanhle inkosi yasemaHlutshini. InkosiuDi-ngane yabuza yathi: 'nalokhu nithi muhle, muhle udlula bani?' Bathi, 'awu, uyakudlula nkosi;' behlayaza-nje.

Kuthe ngakusasa wasethi enduneni: "Hamba uyothi kumfana kaMthimkhulu akeze nathi sizombona nakhu kuthiwa muhle". Wabizwake. Kuthuba afike wayikhulekela inkosi, Esekulandile ahamba ngakho, wa-hlala phansi.

Kuyaziwake ukuthi konke osekwenzeke pha-kathi kwezwe, okukhulu nokuncane sekwazi-wa yiyo inkosi ngoba izwe lonke libuswa yiyo; ka-nye nawo amaHlubi. Yathi inkosi: "yeboke ake usukume sikubuke" Wasukuma, wema wathi-thwi! Bahebeza abantu bethi 'wamuhle'. Yathinkosi: 'phendukake sikubone ngemuva'. Waphenduka wafulathela. Baphinda abantu: "Hawu! wamuhle nomefulathele'. Yaphinkosi yathi: "Phenduka sikubone ngaphambili". Zaqala ukwehla izihlathi kwababukayo, be-bona ukuthi kantusedlala ngaye.

Yamphendukisa kaningi-ningi. Ithe isigcina

yathi: "Aho! bathumukhle-nje umubi ngoba wabulala uyihlo nawe uyakufa!" Esho ngomahanga owabulawa yimpi yakhe uDlomo II. Ukubulawa kwakhe wakhishwa amehlo, kwathiwa 'nyekeni ahambe'. Ibandla lakwakhe lamthatha lahamba naye. Kuthe sebehambile, kwakhishwa inshoqo yamabutho, yabafica endleleni yababulala bonke. Kuthe ukuba kuzwakale emaHlutshini osekwenzekile, kwasuka umini kaMahanga wazenza inkosi ngoba sekufe uDlomo II.

## UDlangalibalele Emazimini

Kwathuba kufe uMthimkhulu II, abantwana abazalwa ngoKaMashoba bafihlwa, ngokwengena uMatiwane ofuna ukuqeda ubukhosi bamaHlubi. UDlangalibalele wayesethathwa nguDuba. UDuba owayesemukile emaHlutshini akhe kumalume wakhe, uMahlaphahlapha. Labobantu babengamazimu bedla abanye abantu. NoDubake wayeseyingene leyondlela.

UDlangalibalele wayalusiswa inkomo. UGxiva wambona esephuciwe ikhanda. Waqonda yena ukuthi usezodliwa, uma esenziwe njalo. Wasemthatha khona ngasendle. Wameqisa wayewafika kwa Batshazwayo naye owakhe phezu komzinyathi. Wayesethi "mthathe wena Batshazwayo umwezise uMzinyathi ngoba ngcwele. Mina ngizobuyela emuva ukuze bangaboni ukuthi uthathwe yimi." Wamwezake waye wambeka Obomvini (igama lomuzi) kwaMashwashwa wakwaMnculwane. Wahlala khona waze waganwa.

Wayesephuma umuzi wakhe esewuqambo ngokuthi kusEphangweni.

## Ukungena kuka Langalibalele Ebukhosini.

Njengoba ubukhosi basebungenwe umini ngendlela engesiyo kwamelwa ukuba abuyeke ngoba sekufike umnikazibo. Umini wazaka Knabo ubukhosi. Lokho kwabanga ukuba kuliwe. Wehlulwa umini. Kwasekubusa u Langalibalele njaloke. Elokhu azisiwa njalo nasebukhosini ba-kwazulu. Wabaleka umini waya eFreyistata esifundeni lapho kukhona umuzi Heilbron.

## Imizi ka Langalibalele.

1. Ephangweni, 2 Emfihlweni, 3. Kwamehlo. 4. KwaBe-kuzulu.

Isifunda ayakhe kuso u Langalibalele kuseMlwane phesheya koMzinyathi.

## Ukuhlushwa kwamaHlubi abakwazulu.

Kwakunomkhuba wokuba abantu bathi uma be-thunywe inkosi ukuyodla izinkomo ezifundeni ezinye, ikakhulu kuMangwane bese bephambukela kwezasemaHlutshini, kanti abathunywanga lapho yinkosi. Ithike nxa impi ifika kanjalo abafazi nabantwana babalekele ezintabeni, bangene emihumeni. Bathi bangabona ukuthi abasekho ngempela abakwazulu, babuyele emakhaya. Balokhu bezidla njalo izinkomo zamaHlubi.

Kuthe ngomnyaka othile bafika futhi be-zophanga izinkomo. amaHlubi azibutha izinkomo azitshudisa. Kwafika ibutho lakwazulu lafuna ukuzithatha. Kanti likhona elasemaHlutshini elibe-ke izinkomo. Zathi nxa zidundubala intaba kwabilo; yaqhamuka impi yakwazulu ngakwesobunxele kwentaba. Lelobutho lakwazulu isangqu. Izinkomo ziqhutshwa nguSalimane noMabonsa wakwa-Hlatshwayo. Kwaqhamu kibutho esangqwini lathi:

"ziyeke lezo, ziyeke zinomjokwana kaNdaba". Wathi uSolimane: "Azikabi naye umjokwana kaNdaba lezi zinoBungane". Wathi lowomlisa, "mina mfana uthini?" washo ekhephuzela eza kuye. uSolimane wathi: "musulibala yimi nampa owenu beza emva kwakho". Kulapha lithi qhamu-nje ibutho lasemaHlutshini, Intabayezwe.

Akubangakho mzuzu yaseyihlangana khona phezulu kwabilo. Yagwazana, yagwazana yehlulwa yeSangqu, bebezithatha bemuka nazo izinkomo. Bathe bengaphambili kwamaDolwana laliqhamuka elinye ibutho lakwazulu. Yazuzana bethi bayazithatha izinkomo. Lehlulwa futhi lelo butho.

ULangalibalele wathi esizweni sakhe: "Ngonileke namhla hla kwazulu asisuke sihambe, ngoba kufe izilomo ezinkulu zenkosi." Ukusuka kwakheke kwazulu, wahosha njalo waze wamisa emHlwaneni. Yena ethi usezitholele izwe-nje. Kwase kuvela oliHlubi owayesakile esikungwini uMawuka wakwaHadebe nomgijimi. Bayibuza inkosi ngokuthi izwe lelo sekungelasesikungwini, libuswa nguHalumeni liphansi kukaSomtseu kaSonzica.

Basebethi kuhle uyovela kuye ucele indawo. ULangalibalele wathi kuhle kuhambe bona oMawuka bayombika. Bafika kuye eMgungundlovu; wathi yena, akuze yena uLangalibalele bakhulume umlomo nomlomo. ULangalibalele wahamba namadoda athile waya kuye. Wathi uSomtseu: "Wenze kahle mfana kamthimkhulu, lelozwe ongenise kulo ngelami, likhawula ngomzinyathi nangoNdi. Laphoke lawukhona usesemlonyeni kazulu, ngoba ngizwa

ukuthi wenze lukhulu kwaZulu. Ngalokhoke kuhle uze ngaseno eduze kwami; ngoba angathuzulu noma ekuhlasela lapho. Bangakwazi ukuba basleshe bafinyelele abafana bami ukuzakukuhlangulisa. Kukude kakhulu laphúkhona. Ngingathi ngifika namabutho bese bekulimazile. Ngithi suka lapho uze kulelizwe engikunika lona. Ngikunika lonke langaphezulu kwaNtabamhlophe limuka nondi liyofika eMkhomazi."

Wamkake uLangalibalele nesizwe sonke. Wahamba esisitheka ngoba kwakuhanjwa nabesifazane nabantwana nemfuyo yonke. Kuthe ukabawele uThukela beyawufika phansi kwezintaba, wayesebuyela kuSomtseu ukuyamncela ukuthi akke amvumele ukuba agobe lapho ngaphansi engakadundubali; khona kuzotholakala ukuba kulinywe ngoba sekusikhathi sokulima; njengoba ngaphezulu isikhathi sokulima sasesegile, kuyashesha ukushazwa kunalapha ngaphansi kwezintaba. Wavunyelwa ukubana alime. Nempelake bakha balima.

Kwasekuvela uhlupho kubelungu abakhile. Kwakukhona abaThwa abaningi ababehlala ondini nasezintabeni. Babethatha imfuyo yabelungu ngokuyeba. Impahla eningi ilokhu ilahleka njalo. Babecasha emaweni nasemahlathini. USomtseu wasekhuluma noLangalibalele wathi: "Maukwazile ukuvikela abelungu ngokuxosha abaThwa, sewungalaka lona lelo elingaphansi kwezintaba".

AbaThwa laba bekenomkhonto omubi bedubula ngomcibisholo. Lemicibisholo yabo yayinesi-

hlungu esibi kunesenyoka. Uma umthintile-nje umuntu akukhozaba ezingenziwa umuntu uyafa. Futhi babengavami ukubonakala ngoba bakecasha njengamazinyane empangele. Ubona ngomtsalo-nje usukuhleaba ungambonanga umuthwa.

Inkosi uLangalibalele wayikhipha impi yokubahlasela, kwaze kwabakabili. Baba-bulala abathile. Kodwa nokho kwafumaniseka ukuthi bayingozi kakhulu kubantu. ULangalibalele waye wakubika lokho. Wathi uSomtseu abalethe umtsalo wabo ukuze awuthumele phesheya uhlolwe ngoDokotela. Wathi nokubahlasela ake kume. Kuthe ese-kwenzile lokho, wasebathumela amajazi anoboya. Umtsalo wehluleka ukungena kulamajazi waphelela eboyeni.

Wayikhipha impi uLangalibalele yabafake amajazi lawo kuphela. Ongenalo ijazi oka-vunyelwanga ukuba aphume kulempi. Ba-bahlasela behamba bebabulala abanye bebabamba. Abathwa babegcwele lonke undi. Bathumba abantwana babo babuya nabo. Bababosha okokuphela ondini kuze kube namhlanje. ULangalibalele wali-thola kanjaloke lelizwe langaphansi kwezintaba elinikwa nguSomtseu. Waselibusa lonke nelanga phezulu kwantabamhlophe kuze kufike phansi kondi.

Imizi eyayakhe ngaphansi kusEphangweni, eNdlwaneni, nasemlindazwe. Ngaphezulu: KwaBekuzulu, Eemfihlweni, Kwamehlo, nowakwaMahambehlala. Singephathe konke lapha ngokaLangalibalele ngoba kuyaziwa kahle.

## Amabutho kaLangalibalele

1. uHlazafukwe, 2. Umxhapho, 3. Isicamelo, 4. amaHende, 5. ImiHosho, 6. Umsingaphansi, 7. INdayimane, 8. Ingubo yenkosi.

## AmaKhosi amaHlubi.

Nankake amakhosi ngokulandelana kwawo:

1. UChibi
2. uLubelo
3. UNdaba
4. UMhuhu (uVezi)
5. UMhlanga
6. uMusi
7. UNdlovu
8. ULudwala
9. uDlamini
10. UMthimkhulu I
11. UNgcobo
12. uHadebe
13. uDlomo I
14. UMashiyi
15. UNgwekazi
16. uMsele
17. uBungane
18. UMthimkhulu II
19. UMpangazitha
20. uMahanga
21. uDlomo II
22. ULangalibalele
23. USiyephu
24. UNceke
25. UTatazela obusayo namhla.

Izibongo zamakhosi amaHlubi.*
Ezitholakele noma zingaphelele yilezi:
Izibongo zikaMhuhhu.
uWezi wephikankani
uWezi kaNdaba, umgabadeli
Owagabadelabantu nezinkomo.
Izibongo zikaMthimkhulu I
UNdlazi yakolokothwayo
Umahogo uyababa unjengenhlaba.
Umlawuzi ngamkhonto, usukebethweni
ugogo lwenkunzi yomthakathi
Baluphala baludendebula
uKhozi lusemahlabeni ludlinkwali
Luzidla luzigempenela;
Umkhondo kawulandwa
abakaBucwa ababucwa lashonilanga
Umthimkhulu akabangi mbutho
akabangi khohlwa
Kubanga amalala izingogodlela
abehla ngomushu wemamba
athi amadoda ehla ubufokololo
abakwaNsele, mashimahle nga-awenyamazana
abakaMashwabade, abashwabadela inkomo
kanye nesikhumba.

Izibongo zikaHadebe
uHadebe kabelwa uyazabela

Izibongo zikaDlomo I.
UDlomo dlundlu kwebezindlwana
Usibujwana akanangubo
Ingubo yakhe nguNhlangothonde wakoNgcobo
UNhlangothi waswelabagaqeli
ukuba wayenabagaqeli

ngabamazuDlomengenangubo.
Uzulu lishayamakhelo kwamalungwini,
Umdabulandabisathethwa
uDlomo ungezewalambuhlezi naye
Ungalambuhlezi namanina
Wona akadla kusentuphenі
BakaNgatshuze bakambani wezulu,
BakaBoqo bakankamisamlomo.
Ukuba amankomangehli ngaphezulu,
amahleumlantaba.
uDlomo ngaesahlezi Esengobotsheni
angembathinqubo yakhe yesilo
wabe uyendudadе.

## Izibongo zikaMashiyi

Umashiyimahle ngangawenyamazane,
Uguqa bathokoze kuthokoze abafazi namadoda.
Bakandima kazilingani
BakaSophelebaleni
Kula lapha amadodesophelekhaya.

## Izibongo zikaNgwekazi

Ukhala lezimbuthu lulambile
Lulambe luzinyezaboNsele

## Izibongo zikaNsele

UNsele nduna ngokuthwalisilo sensele
Isilo sekhala nesekhakazi (?)
Esadlinceku yenkosi uMandayizana.
Isidiba-mbondo sangemihla
Unselunyadladlama
Ubafumanisukwena wafakunyawo,
Wabafumanisudonga wadladlama.
Unsele wafumanisa ngwabazane zambili

Eyenduna wayaphuluphiko
Eyensikazi wayiyekela
Ethi khona iyozalinkzele sanduna.
Nani bomvaba anibodla nishiya.
Siyamfika isizwakubi
Ingudulezwa ngomoya
athi phekani nkobe zingezamabele.
Zingathi xhaphaxhapha
ayohlomiyezimpi
Zinganyampa, ayikhimpi abalalabantwana.
Uqhololimkhombile
Limkhombilugabanqa obenkubunde.
Kuyavungama akuvungami yena,
Ubeyakwabinkomo, kwezomntwana.
Ezikabumisa umntakayise
Abakabogo walukkumela, walukumfononoka.

20/1/57 ✓

<u>Izibongo zika Bungane</u>

UBunganomakhulukhulu
undabu zamilebubini
abanye bathi azidliwa
abanye bathi azidliwa
zinemiseke zinemisingilili.
Ubevusa limpeka-mpeka
Ladlumntwana esesiswini.
UDlomo uyafelwa uyewafelwa
zimbiyisa zambili,
Enye kungekagabanqa
Enye kungekampila.
Umnqumi wezizala zabalandakazi
Uba kazi abalandakazi kayawuzala ngani.
UBungane wayindingindingi wayindaba,
Waze wayindaba nasezikhundlwaneni
Nakubantwana.

# Izibongo zikaMthimkhulu II

Umthimkhulu omuhle kawuvuthelimlilo;
Kanje ngamakhosanabonina awuthelimlilo;
Unjobongathusi yakwaNobamba.
Umukhwa owadlanyosi zemkela,
Usitthatha ngobe, usibambakemukayo
Kangibambanga ngani mina
ngiyenzansi kwamlomunkebe nangenkabi
zakwaMagoloza,
Ezazimashobamhlophe ngokuholudaka.
Kwaficamehlo, kwathanzi lentaba.
Abazingelingeqe umsongi wansimba
ayibekekhanda,
athi kanamagwala ezamhlabanela.
Uzipho zimhlophe zingamadwala
akwakhulakhanyebusika, akhanyehlobo
Umbambo zimakhulu mahlanu; zinga yilusu
lwenyathi,
Elambaqedikhamisumlomo
Ugengeleza ngokwakhisa kwendlovu
UBoqonganKathazamlomo
USinkuntshane sikamswazi
Bayasidla bayaphoqa.
Uncantulonganti zamkhonto
Ungqongabanjwa ngamasokana.
Umgodluli wendlovekhalimayo
yakhalima angathi bayibangile
Indlovebangizilile kwaManekwane.
Ubelekeqa wenkomo le'khalimayo
yakhalimangathi bayibangile;
Indlovu kaManquma ngokunqumezinyemazi-
bukweni.
Ungamkhomo zimuka ziya udlumdlebe
kwaSoshangana.